ISOLEZWE (KZN)
07 Feb 2013, p.35

# Uhleka yedwa owenza ubucwebe

**NONHLANHLA MKHABELA**

USEZOFEZA iphupho lokuyokhangisa ngomsebenzi wakhe njengosomabhizinisi emcimbini omkhulu wamaciko obucwebe i-Designer Indaba umenzi wobucwebe ohlomule ngomklomelo nesizumbulu sika-R40 000.

UMnuz Songezo Baleni (27) ukhale wemuka ne-Emma Smith Scholarship Award ekuklonyeliswa ngayo abafundi be-Jewellery Design emcimbini obuseDurban University of Technology ngoMsombuluko.

Uthi ukukhangisa kwi-Designer Indaba kumba eqolo kanti imali ayitholile izosiza ukuthi akwazi ukukhokhela izindleko zokuba yingxenye yomcimbi.

"Itafula lilodwa nje libiza uR22 000 bese kuba yizindleko zokuhamba, ezendawo yokuhlala nezokwenza ubucwebe obusha engizobe ngikhangisa ngabo," kuchaza uBaleni.

Ukuthola umklomelo kukaBaleni kuyizithelo zomsebenzi wakhe onzima njengoba wayekhombisa ukuzimisela ngisho esafunda eDUT lapho aphothule khona iziqu zakhe ze-Jewellery Design ngonyaka odlule.

Waba ngumfundi wokuqala ukuthola u-100% ezifundweni zakhe kule nyuvesi.

"Ngizuze lukhulu uma ngibheka lapho ngisuka khona, ngiqala ukuthanda ubucwebe," kusho uBaleni.

Uthi uthando lokwenza ubucwebe lwamfikela esasesikoleni eqala ukwenza ubucwebe ngowaya ayewuthatha ezitofini zikapharafini ama-primus stove.

"Ngangenza izindandatho ngiziphe abangani bami bazithande ngabe sengibona ukuthi angivele ngikwenze umsebenzi wami," kusho uBaleni ongowokuzalwa eMzimkhulu.

Uthi umsebenzi wakhe awulula njengoba esebenza ngensimbi nokwenza kuthathe isikhathi ukuwuqeda.

"Kumele ngithathe ikhefu njalo ngoba uyalimaza ezandleni okwenza kuthathe isikhathi ukuqeda," kuchaza uBaleni.

UMnuz Chris de Beer ongumqondisi wezifundo ze-Jewellery Design owayefundisa uBaleni uthi uyazifela (uBaleni) ngokufunda okuyikona okumenze wathola umklomelo.

"Uhlale efuna ukufunda izinto ezintsha njalo ngokuzimisela okukhulu. Abantu abafana noSongezo bakwenza uzizwe sengathi awubafundisi lutho olutheni kodwa ubanikeza ithuba lokuthi benze," kusho uDe Beer.



**UMNUZ Songezo Baleni ekhombisa uSolwazi Nomthandazo Gwele omunye wemisebenzi yakhe yobucwebe** **Isithombe: SITHUNYELWE**